**NguMongameli Dieter F. Uchtdorf**
UMeluleki WesiBili KubuMongameli BokuQala



# Izwi likaNkulunkulu kubaNtwana Bakhe

Imibhalo engcwele isitshela ukuthi into yokuqala uNkulunkulu ayenza emva kokudala owesilisa kanye nowesifazane kwaba ukukhuluma kanye nabo.[1] Wayenolwazi kanye nemiyalo ebalulekile kakhulu ayezobanikeza yona. Injongo Yakhe wayengathi wayebahlukumeza noma ebakhathaza kepha kwakubakhomba indlela eya enjabulweni kanye nasembusweni wangunaphakade.

Futhi lokho kwakuzoba isiqalo. Kusukela ngalolosuku ukuze kufike manje, uNkulunkulu uqhubekile ngokukhuluma kanye nabantwana Bakhe. Amazwi Akhe agcinwa, alondolozwa, futhi afundwa ngabalandeli bezizukulwane zonke. Agciniwe yilabo abafuna ukwazi inhloso kaNkulunkulu, futhi babeka ubufakazi babo ngeqiniso ukuthi "iNkosi uNkulunkulu akasoze enze lutho, ngaphandle kokuba aveze imfihlo yakhe kwizinceku zakhe ezingabaprofethi."[2]

Lokhu kwiyiphatheni kusukela ekuqaleni kwesikhathi, futhi leliphatheni liyaqhubeka nanamuhla. Akuyona inganekwane yaseBhayibhelini emnandi nje kuphela; kuyindlela ephakeme yokuhambisa imiyalezo ebalulekile kubantwana Bakhe. Uphakamisa omunye nomonye phakathi kwethu, ababize njengabaprofethi, futhi abanikeze amazwi okumele bewakhulume, amazwi lawo thina esimenywe ukuba "siwezwe, sengathi aphuma emlonyeni [Wakhe]."[3] Wamemezela wathi, "Noma ngezwi lami noma ngezwi lezinceku zami, kuyafana."[4]

Lona umyalezo ongcwele, ogqugquzelisayo, futhi umyalezo Wokubuyiswa kwevangeli omkhulu—uNkulunkulu akathulile! Uyabathanda abantwana Bakhe. Akasishiyanga ukuba sidideke ebumnyameni.

Kabili onyakeni, ku-Ephreli kanye no-Okthoba, sithola ithuba lokuzwa izwi leNkosi elivela kwizinceku Zakhe kwizinhlangano zenkomfa jikelele.

Ngibeka ubufakazi bami ukuthi ngaphambi kokuba isikhulumi kwinhlangano yenkomfa jikelele ihamba iya kwindawo yokukhuluma, siziphe isikhathi esiningi kanye namandla, umthandazo, kanye nokufunda ngalokhu esizokhuluma ngakho. Wonke umyalezo wenkomfa jikelele utshengisa ukuzilungiselela kwamahora amaningi kanye nokucela ngenhliziyo ukuba azwisise kangcono ukuba iNkosi ifisa ukuthi Abangcwele Bakhe bezweni.

Kungenzekani uma thina abalaleli sizilungiselela inkulumo yabakhulumi kanye neyethu? Singayibuka kanjani inhlangano yenkomfa jikelele uma sibuke inhlangano njengethuba lokuthola imiyalezo evela eNkosini Yona uqobo. Ngamazwi kanye namaculo avele enhlanganweni yenkomfa jikelele, singazilungiselela ukuthola izimpendulo kunoma imiphi imibuzo noma izinkinga esihlangabezana nazo.

Uma ucabanga ukuba uBaba wethu waseZulwini angakhuluma nawe ngqo, ngizakukhumbuza amazwi alula nje kepha abalulekile atholakala eculwa izingane zeKilasi eliphansi: "[Uyi]ngane kaNkulunkulu, futhi [wena]

ukuthumele lana." Injongo Yakhe ukuba akusize ubuyele "uyohlala kanye naye ngolunye usuku."

Uma uzicabanga njengengane kaBaba waseZulwini, ungacela Kuyena ngenhliziyo ezimisele, "Ngihole, ngikhombise, hamba eceleni kwami, ngisize ngithole indlela. Ngifundise konke okumele ngikwenze." Uzokhuluma nawe ngoMoya Wakhe oNgcwele, bese kuphuma kuwena ukuba "wenze intando yakhe." Ngiyathembisa ukuthi uma wenza lokho "izibusiso eziphakeme zizoza"[5]

Indlela yeNkosi ekhombayo iyadingeka kakhulu namuhla njengoba yayidingeka nakumlando wezwe. Njengoba sizilungiselela ukuzwa izwi leNkosi, make sifune ngokuzotha uMoya wangeqiniso ukuze uma iNkosi ikhuluma kanye nezinceku Zayo, singakwazi ukuzwisisa, sikwazi ukushintsha, futhi sijabule sonke.[6]

Ngibeka ubufakazi bami "ngokwenza lezi zinto amasango esihogo ngeke abuse phezu kwenu; yebo, futhi iNkosi uNkulunkulu izowachitha amandla obumnyama iwasuse phambi kwenu, futhi yenze amazulu azamazame ukuze nizuze, nokudumisa igama lakhe."[7]

**IMITHOMBO OKUTHATHWE KUYO LEMFUNDISO**

1. BonauGenesisi 1:28.
2. uAmose 3:7
3. IMfundiso neziVumelwano 21:5.
4. Imfundiso kanye neZivumelwano 1:38
5. "I Am a Child of God," *Amaculo,* no. 301; *Children's Songbook,* 2–3.
6. Bona IMfundiso neZivumelwano 50:21.
7. IMfundiso neziVumelwano 21:6.

### UKUFUNDISA OKUVELA KULOMLAYEZO

Ngesikhathi somhlangano wenkomfa jikelele singathola izimpendulo ezivela kwimibuzo yethu kanye nezinkinga zethu njengoba silalela izinceku ezikhethiwe nguNkulunkulu. Cabanga ngokuxoxisana kanye nalabo obavakashelayo: Ungazilungiselela kanjani ukuze uthole lezozimpendulo ngesikhathi zenkomfa jikelele. UMongameli Uchtdorf ugqugquzela thina ukuba "sifune ngokuzimisela iqiniso loMoya ongcwele." Ucabanga ukuthi lokhu kusho ukuthini, ungakusebenzisa kanjani ekuzilungiseleleni kwakho? Ekungezeni kwezibusiso ekukhulunywe ngazo kwi Mfundiso neZivumelwano 21:6, iziphi izibusiso ezizayo njengoba sizilungiselela ukuzwa izwi leNkosi elilethwa izinceku Zakhe? Ungamema labo obofundisayo ukuba babhale phansi emabhukwini abo womlando ukuba yini abayifundile ngoMoya ongcwele kumhlangano wenkomfa jikelele.

## INTSHA

### Ukuzilungiselela ukuzwa izwi likaNkulunkulu

UMongameli Uchtdorf usichazela lokho uNkulunkulu aqala ngakho ukukwenza emva kokuba adale umuntu wesilisa kanye nowesifazane wakhuluma nabo futhi wabanikeza ulwazi kanye nemiyalo eyigugu. Sithola izibusiso ezifanayo ngoEphreli kanye nango-Okthoba ngesikhathi somhlangano wenkomfa jikelele, ngesikhathi abaholi beBandla bekhuluma kanye nathi futhi besinikeza umyalo lowo iNkosi efuna ukuba siwuthole.

Uke wezwa izwi likaNkulunkulu elivela kwizinceku Zakhe ngesikhathi somhlangano wenkomfa jikelele? Uke wezwa umyalezo othize ukunikeza impendulo leyo okade uyifuna? Kwibhuku lakho lokuloba ngomlando ungabhala ngalesosifundo ositholile nokuthi sikusize kanjani. Bese uzilungiselela ukuzwa izwi leNkosi kulenkomfa ezobanjelwa maduzane ngokubhala imibuzo onayo kanye nokufunda yona ngesikhathi sokufunda kwakho imibhalo engcwele. Khuleka kuBaba waseZulwini, ucele ukuba akunikeze izimpendulo kanye nolwazi ngesikhathi somhlangano wenkomfa. Njengoba ulalela izincenku zeNkosi, bhekana nokuzwa okuqondene kanye nawe. Ufundeni? Uzwe ini enze ukuba ube nogqozi lokuba ushintshe? Bhala phansi lokho okuzwile ngoba uwona Moya ongcwele okhuluma kanye nawe.

Uhlale ukhumbula ukuthi uBaba waseZulwini uyakhuthanda futhi uzohlala ehlezi ekuholela endleleni yeqiniso. Njengoba uhlezi uzama ukuzwa izwi Lakhe elivela ngezinceku Zakhe, uzakubusiswa futhi ube oguqukileyo.

## ABANTWANA

### Zilungiselele umhlangano wenkomfa!

Bhala lolugqozu kucwezu lwephepha. Gcina lelo phepha ngesikhathi somhlangano wenkomfa ukuze ubhale phansi lokho okufundile.

Bhala phansi imibuzo yakho. Ngicabanga ukuthi. . .

Thandaza kuBaba waseZulwini. Ngingathanda ukuthola usizo ngokufunda ngalokhu. . .

Lalela emhlanganweni wenkomfa jikelele Ngifunde. . .

© 2018 ngabakwa Intellectual Reserve, Inc. Onke Amalungelo agciniwe Igaywe eMelika. Usuku okuvunywe ngalo ukuba lezi zifundo zikhishwe: 6/17. Usuku okuvunywe ngalo ukuba lezi zifundo zihunyushwe: 6/17. Ukuhunyunshwa *First Presidency Message, March 2018.* Zulu. 15049 783

# Thandazela Odade Ngamunye Ngokubabiza Ngegama

*Uthando kanye nogqozu kulabo esibafundisayo luzokhula uma sithandazela udade ngamunye ngokuzithoba ikakhulukazi uma sibabiza ngegama.*

**Ukholo, Umndeni, Inkululeko**

Imibhalo engcwele yabelana ngezibonelo eziningi mayelana nabesilisa kanye nabesimame abathandazela abanye ngokubabiza ngamagama abo. Amanye balabo abagqamile kwakungu baba kaAlima omNcane. Ingelosi yakhuluma kuAlima oMncane, imutshela ukuthi ubaba wakhe"wathandazela yena ngokholo olukhulu . . . ; ngakho-ke, ngaloludaba ngize lana ukuzoshintsha umgqondo wakho ngalamandla kanye nemvumo kaNkulunkulu, ukuthi imithandazo yezinceku zakhe ingaphenduleka ngokholo abanalo" (uMosiya 27:14).

Ukuthandazela abanye kuvula izinhliziyo zethu ukuze sithole izibusiso lezo iNkosi efisa ukuba sizithole. "Inhloso yomthandazo ayikona ukuthi ishintshe isifiso sikaNkulunkulu, kepha ukuba sizigcinele thina kanye nabanye izibusiso lezo uNkulunkulu azimisele ukuba asinikeze zona, kepha kumele sizicele ukuze sizithole."[1]

Omunye udade wakhuluma ngesikhathi esinzima sempilo yakhe, ucingo noma umyalezo omcane esikhathini esiningi wawuvela kuthisha wokuvakasha wakhe "ikakhulukazi ezinsukwini ezinzima." Babebukeka sengathi bebazi uma wayedinga usizo. Wayazi ukuthi babemthandazela, ngenkathi bemvakashela futhi bebodwa.

"Cabanga ngamandla abuthene ndawonye uma omunye nomunye udade wayethandaza ngokuzimisela njalo ekuseni kanye nasebusuku noma, kakhulu, bethandaza bengayekeli njengoba iNkosi yakhuluma," wakhuluma uJulie B. Beck,Owayengu Mongameli weNhlangano Yabesimame Yenkululeko Jikelele.[2] Ukuthandazela labo esibavakashelayo kuyasiqinisa thina futhi njengabesifazane abaNgcwele bezinsuku-Zokugcina

UMongameli Henry B. Eyring, iKhansela lokuQala kubuMongameli bokuQala, wathi: " Thandazela indlela yokwazi izinhliziyo zabo. . . Uzokwazi ukuthola ukuthi uNkulunkulu ufuna wenzeni ukuze usize bona futhi ukwenze konke okusemandleni akho , uzwe uthando lukaNkulunkulu kubona."[3]

**IMITHOMBO OKUTHATHWE KUYO LEMFUNDISO**

1. Indlela Ekhomba Umbhalo Ongcwele, "Umthandazo"
2. Julie B. Beck,Yini le Abasifazane Abangcwele bezinsuku-Zokugcina abayenza kangcono: Hlala Uqinile futhi Unganyakazi," *Liahona,* Nov. 2007, 110.
3. Henry B. Eyring, "Priesthood and Personal Prayer," *Liahona,* uMeyi 2015, 85

## *Ake Ucabange Ngalokhu*

Uluphi ugqozu kanye nemicabango efike kuwe njengoba uthandazele odade ngamunye obafundisa ngokubavakashela.

## *Ukufundisa*

Ngokuthandazela odade ngamunye ngokubabiza ngamagama abo, sizakuthola ugqozu lokuba sikwazi ukuba sisize odade esibavakashelayo ngezidingo abanazo.

© 2018 ngabakwa Intellectual Reserve, Inc. Onke Amalungelo agciniwe Igaywe eMelika. Usuku okuvunywe ngalo ukuba lezi zifundo zikhishwe: 6/17. Usuku okuvunywe ngalo ukuba lezi zifundo zihunyushwe: 6/17. Ukuhunyushwa *Visiting Teaching Principles, March 2018.* Zulu. 15049 783